PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# ZWAKALISA UVO LWAKHO

## UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA UKULAMULA UKUPHATHWA KWAMACALA OKUPHULWA KWEMITHETHO YOMGWAQO [B 38-2015]

## Isimemo somphakathi sokuthumela ezinye izethulo

IKomidi lesiShayamthetho kuZwelonke mayelana nezokuThutha limema bonke abantu nababambiqhaza abanentshisekelo ukuthi bathumele okunye ukuphawula kwabo okubhaliwe ngoMthethosivivinywa wokuChibiyela uMthetho wokuLamula ukuPhathwa kwamaCala okuphulwa kweMithetho yoMgwaqo iAdministrative Adjudication of Road Traffic Offences Amendment Bill [B 38-2015] njengoba kuqukethwe ezichibiyelweni eziphakanyisiwe ezilandelayo ezidlulayo ohlelweni loMthethosivivinywa:

- Ukufakwa kwegama elithi “ukwephula” encazelweni ephakanyisiwe “yoMthetho kaZwelonke wezokuThutha ezihamba phansi, wezi-2009 (uMthetho Nombolo5 wezi-2009) kanye noMthetho wezokuThutha ezihamba eMgwaqeni ezeqa imiNgcele, wezi-1998 (uMthetho Nombolo 4 wezi-1998)” emva kwebinzana elithi “umthetho olawula umgwaqo.”
- Ukufakwa komshwana osungula ubuye uphathe izinhlelo zokuhlumelelisa izimilo kulabo abavamile ukuphula umthetho.
- Ukufakwa kweSahluko eMthethweni omkhulu, emva kweSahluko III, esizohlinzekela ukusungulwa kweNkantolo yokuBuyekezwa kwamacala.
- Ukufakwa komshwana omusha omayelana nokwabiwa kwezinhlawulo kubandakanya, kodwa kungagcini, ekubhekeni ukuvimbela ukuthi izinhlawulo zingaphindwaphindwa noma kube nezinye izindlela okungakhethwa kuzo.

UMthethosivivinywa wayiswa eKomidini mhla zingama-30 kuLwezi wezi-2015 (ACT Nombolo 161-2015). IKomidi labamba izigcawu zomphakathi labheka ukuchibiyela okuphakanyisiwe kuMthethosivivinywa. Ngenkathi lisahlola isihloko soMthethosivivinywa nangenkathi yezigcawu zomphakathi iKomidi labona kunesidingo sokuchibiyela okunye okuhlinzekelwa uMthetho omkhulu obekungafakiwe kuMthethosivivinywa, ngalokho libe selelula ukuxhumana nomphakathi.

Ucelwa wethule ukuphawula kwakho okubhaliwe ngokuchibiyela okuphakanyisiwe okutholakala kusizindalwazi sePhalamende **www.parliament.gov.za.** imibuzo kanye nezethulo ezibhaliwe, zingaqondiswa ku-**Valerie Carelse** zibhekiswe ku- Portfolio Committee on Transport, 3rd floor, W/S 3/79, 90 Plein Street, Cape Town, 8001, noma zithunyelwe nge-imeyili ku- **vcarelse@parliament.gov.za** Ekuphawuleni okubhaliwe sicela usho uma ungafisa ukukhuluma ngomlomo.

**Usuku lokuvala lwezethulo umhla ziyi-10 kuNdasa wezi-2017.**

**Iikopi zezihlomelo ezicetywayo kunye nezoMthetho woLamlo ngokoLawulo kwiZenzo zolwAphulo lweMithetho yezeNdlela, wowe-1998 (uMthetho onguNomb. 46 wowe-1998) ziyafumaneka kule webhusayithi www.parliament.gov.za.**

**Sikhutshwe nguMnu L Ramatlakane, iLungu lePalamente, uSihlalo oBambeleyo weKomiti yeMicimbi yeSebe lezoThutho.**

**Parliament. Making Democracy Work**

www.parliament.gov.za